ILANGA
01 Mar 2012, p.12

KUSAYINWE ISIVUMELWANO SOKWESEKA IMIKHIQIZO YAKULELI

BHEKI NDLOVANA

UHULUMENI waKwaZulu-Natal uzibophezele ekwelekeleleni umkhankaso we-Proudly South African wokuthenga imikhiqizo eyenziwa eNingizimu Afrika ukuze kuvikelwe ukuwa kwezimboni zakuleli.

Kuleli sonto uMnyango WezokuThuthukiswa KoMnotho NezokuVakasha kulesi sifundazwe ne-Proudly SA, basayine isivumelwano esiyisibopho salo mkhankaso.

Lesi sifundazwe ngesesibili esifaka ingxenye enkulu emnothweni wezwe.

Leli zwe libhekene nenkinga yokwanda wezimpahla eziqhamuka emazweni angaphandle ikakhulukazi eChina naseJapan.

Izimpahla lezi okuthiwa zishibhile futhi ziwopomu, kukhalwa ngokuthi zikhinyabeza imikhiqizo yakuleli.

UMnu Mike Mabuyakhulu onguNgqongqoshe kulo mnyango uxwayise ngokuthi ukwanda komkhuba wokushushumbiswa kwalezi zimpahla sekudle amazwe ayingxenye ye-G20 imali enkulu futhi kulahlekisela abantu ngemisebenzi cishe eyizigidi ezimbili nengxenye.

Phakathi kwezinye izinhlaka ezenze isibopho sokweseka lo mkhankaso wokuthenga izimpahla ezikhiqizwa ekhaya, wuphiko laKwaZulu-Natal lwe-Congress of South African Trade Unions (Cosatu) nohlaka losomabhizinisi i-Growth Coalition.

ISITHOMBE SITHUNYELWE

ISIKHULU esiphezulu se-Proudly SA, uMnu Leslie Sedibe noMnu Mike Mabuyakhulu, onguNgqongqoshe WezokuThuthukiswa KoMnotho NezokuVakasha KwaZulu-Natal besayina isivumelwano sokusebenza.

Isikhulu esiphezulu se-Proudly SA, uMnu Leslie Sedibe, sithe ukuze leli zwe libhekane nezinkinga zobubha, wukungalingani kwabantu ngokwamazinga empilo nokuntuleka komsebenzi kufanele kushintshwe ukucabanga.

Lesi sikhulu sithe kudingeka abantu abathembekile ezweni labo, abangeke balidayise ngokuxhasa imikhiqizo eqhamuka kwamanye amazwe bakhohlwe ngeyabo.

"Uma uthenga ekhaya utshala emnothweni wasekhaya," kusho uMnu Sedibe.

Ukusayinwa kwalesi sibopho yilezi zinhlaka kusho ukuzibophezela ekutheni zixhase amabhizinisi akuleli ngokuthenga imikhiqizo yawo nokusebenza nawo ukuze kusungulwe, kugcinwe imisebenzi esifundazweni nasezweni lonke.

UMnu Themba Khumalo, onguMengameli we-South African Clothing and Textile Workers' Union (Sactwu), uthi kufanele uhulumeni ungenise imikhiqizo leli lizwe elingakwazi ukuyenza kuphela ukuze kuvikelwe imboni yokukhiqiza.

bhekin@ilanganews.co.za